

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I**

Isikhathi: amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-16. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
 3. Phendula zonke IZIQEPHU.
 4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
 5. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
 6. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
 7. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
 8. Shiya umugqa emva kwempendulo.
 9. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
-

UMBUZO 1

Funda le ncwadi bese uphendula imibuzo elandelayo.

45 Ntathakusa Avenue
Westville
4000
30 kuNcwaba 2019

Baba nomama

Ngiyethemba niyaphila ekhaya. Ngizoqala ngokubonga ngokufika kwenu nizobona indlu yami entsha. Ngiyazi incane kodwa ngihleli kahle futhi kunokuthula e-Westville. Ukudla kanti **kubiza** kangaka? Mama wawushilo ukuthi njengoba ngiphuma ekhaya ngizochitha imali eningi ngomuzi nokudla. Niyazi ukuthi ngiyazithandela ukudla **okwehla esiphundu**.

Ngiqale kahle emsebenzini kodwa angikalijwayeli iTheku. Umngani wami uTozi yena uyazi kangcono le ndawo. Ungumakhelwane wami kule *complex* engihlala kuyona. Sisebenza naye futhi siyezwana kakhulu. Sing**amathe nolimi**.

Eziyangeni ezinhlanu ezedlule sivakashele elokishini eMlazi, lapho kuhlala khona ubaba wakhe omncane nomndeni wakhe. Bekumnandi ngoba sivakashele ezindaweni eziningi zokungcebeleka, khona eMlazi. Sihambe ngemoto kaTozi entsha. Sihambe ngoLwesihlanu sibuya emsebenzini sase siphindela eWestville ngeSonto ntambama. NgoMsombuluko kuyasetshenzwa. Abantu baseMlazi banobuntu.

Bazali bami, ngiyazi nizozibuzwa ukuthi kungani nginibhalela incwadi ngingashayi ucingo. Ngesikhathi ngiseMlazi uTozi nomzala wakhe bangivakashise endaweni yokuzijabulisa, ngahlangana noNtando. Ungicele uxolo wacela izinombolo zami zikamakhalekhukhwini ngamnika. Ngempelasonto elandelayo sahlanguka noNtando e-Mall yasePavillion sadla isidlo sasemini. Mama nobaba uyangithanda kakhulu lo mfana.

Izolo ucele ukuthi nginibhalele le ncwadi ngisho ukuthi ucela ukuthumela **abakhongi** ngenyanga ezayo. Ujane ukuthi ngibe ngunkosikazi wakhe. Uthi uma sesishadile uzongithengela umuzi omkhulu eMhlanga Ridge. Uzonginika imoto eyodwa ngoba unezimoto eziningi. UNtando unamabhizinisi khona lapha eThekwini. Ungumuntu omatasatasa nsuku zonke. Isikhathi esiningi usichitha emsebenzini. Lokhu kwenza ukuthi angabi nabangani. Akanawo umndeni ngoba abazali bakhe bashona engozini yemoto eminyakeni emibili edlule. Ung**uzinyobulala** njengami. Uzothumela ubaba omncane kaTozi, umshayeli wezimoto zebhizinisi lakhe kanye nomunye wabasebenzi ukuza lapho eLimpopo.

Ufuna ukwakha ubudlelwano nomndeni wami. Uthi wena mama nobaba nizoba ngabazali bakhe abasha. Sonke sizoba ngumndeni wakhe. Ufisa ukuthi mina ngibe yimenenja yakhe yezimali. ngoba ngineziqu kulo mkhaka wezimali.

Ngicela nisheshe niphendule ukuze ngisize uNtando ngohlelo losuku. Nikhonze lapho kugogo nomkhulu.

Yimina indodakazi yenu
UKarabo

[Umbhalo wokuziqambela]

- 1.1 Ngubani obhale incwadi futhi ubhalele bani? (1)
- 1.2 Usebenzaphi umbhali wale ncwadi? Laba ababhalelwe incwadi bahlalaphi? (1)
- 1.3 Ukudla okunjani okwehla esiphundu? (1)
- 1.4 Thola amagama **amqondophika** nalawa magama: (impendulo isencwadini)
- 1.4.1 indodana (1)
- 1.4.2 uyangizonda (1)
- 1.5 Uhlobene ngani/kanjani umbhali noTozi? (1)
- 1.6 Phawula ngalokhu okumayelana nesoka lombhali:
- 1.6.1 inkinga yalo (1)
- 1.6.2 isifiso salo (1)
- 1.7 Kusho ukuthini lokhu:
- 1.7.1 uzinyobulala (1)
- 1.7.2 abakhongi (1)
- 1.7.3 amathe nolimi (1)
- 1.8 Sebenzisa igama '**biza**' emushweni, liveze umqondo **ONGAFANI** nalo musho osendabeni. (1)
- 1.9 Nikeza le ndaba indikimba efanele. Kungani uyipha le ndikimba? (2)
- [14]**

UMBUZO 2

Funda isimemo esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Siya ku: Nobuhle Madiba





HALALA!

ISIMEMO SOMSHADO

Ka

Samkelo Khumalo, indodana kaMnumzane noNkosikazi Khumalo, abangasekho emhlabeni.

Ushada noLucy James ozalwa ngu Dokotela noNkosikazi F. James.

-  Singakujabulela ukuba nawe emshadweni ozobe usezingeni eliphakeme.
-  Uyacelwa ukuthi ufike imizuzu emihlanu ngaphambi kokuba uhlelo luqale.
-  Siyaxolisa, izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-16, azifuneki.
-  Sicela uzihlelele wena imoto yokuza emshadweni.

Usuku: 16 kuZibandlela 2019

Isikhathi: 10 ekuseni

Indawo: Greyville Civic Hall

27 Avenue, Durban

UMSHADO WESIZULU (UMABO)

Indawo: Ekhaya kwamkhwenyana ngo 4 ntambama.

IMIYALELO

*Uma ufika emgwaqweni omkhulu uGreyville Road

* Jikela kwesobunxele erobhothini lakwaSpar.

* Jika kwesokudla

* Hamba ikhilomitha elilodwa uze ubone igaraji lakwa- Engen.

* Uzobona iGreyville Civic hall.

INDLELA YOKUGQOKA**Esontweni nasehholo:**

Izingubo ezinombala omhlophe kuphela.

Ekhaya kwamkhwenyana:

Imvunulo yesintu.

**Thumela impendulo ngomyalezo kulezi zinombolo:
076 340 1665 (Luther) noma 082 255 2045 (Lucy)**

[Umbhalo Wokuziqambela]

- 2.1 Kuzoshadwa nini lapha? (1)
- 2.2 Kusuke kwenzenjani uma kuthiwa: "halala"? (1)
- 2.3 Bhala okukodwa okulindeleke kumuntu ozofika kulo mshado. (1)
- 2.4 Kusiza ngani ukufakwa kwemiyalelo kulesi simemo? (1)
- 2.5 Chaza lesi simo sokukhuluma:
'Abangasekho emhlabeni' (2)
- 2.6 Uma ucabanga kungani izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-16 zingafuneki? Bhala amaphuzu amabili. (2)
- [8]**

UMBUZO 3

Sebenzisa isithombe nokubhaliwe ngezansi bese ugqwalisa ifomu elilandelayo. Bhala **inombolo nempendulo kuphela**.



UNomusa Anna Dlamini uhlala ku-13 Vilakazi Road, eSoweto ufuna ukuyofunda eNyuvesi yaseKapa ngo 2020. UNomusa wazalwa ngo 13 kuJuni 2001. Ufuna ukuba nguthisha. Ekhaya kubo bakhuluma i-English.

Wena unguNomusa. Bhala imininingwane ngezansi ukuze uthole isikhala (space) enyuvesi. Bhala ebhukwini lezimpendulo (Answer Book).

IFOMU LOKUCELA ISIKHALA ENYUVESI (2020)	
Umkhakha 3.1 _____	
Amagama akho aphelele 3.2 _____	
Isibongo 3.3 _____	
Ubulili 3.4 _____	
Ikheli 3.5 _____ _____	Inombolo yocingo 3.6 _____ _____
Ulimi olukhulumayo, bhala ngesiZulu 3.7 _____	Iminyaka ngamagama esiZulu aphelele 3.8 _____

[8]

Amamaki angama-30

ISIQEPHU B UKUFINGQA**UMBUZO 4**

- Funda le ndatshana bese UYIFINGQA ngamagama angama-50 kuya kwangama-60.
- Bhala amaphuzu AMAHLANU ngemisho ephelele.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-5 NOMA amabhulethi. UNGABHALI isigaba.
- Sebenzisa amagama akho emishweni.
- Sebenzisa ulimi oluhle.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala INANI lamagama owasebenzisile.

NguLwesihlanu ebusuku, ehholo lesikole eSandton Girls College. Lesi yisikole esikhulu nesidumile eGoli, endaweni yabantu abadla izambane likapondo. Abafundi bebanga leshumi nambili bajabulile kakhulu ngoba namhlanje usuku lwabo lwe-*Matric Dance*. Lo mcimbi uhlelwe ngabafundi bebanga le-11 kusukela ngonyaka odlule.



Kuhle lapha kuhlotshiswe kahle ngendikimba ethi 'Las Vegas'. Abafundi bagqoke kahle bonke nophathini babo.

Abafundi ababili bebanga leshumi nanye baphethe uhlelo. Uthishanhloko nothisha bahleli phansi balalele laba bafundi abathula inkulumo esiteji.

Ngasemnyango kuthe qekelele itafula elinokudla okuconsisa amathe. Kukhona inyama yenkukhu ethosiwe, inyama yenkomo, amaveji, amakhekhe kanye nokunye. Umphathi wohlelo wacela ukuthi abafundi abasukume nophathini babo baphake ukudla bese behlala phansi. Bonke basukuma badlula ematafuleni abanye abafundi babingelela ontanga babo bayaxoxa kumnandi.

Eduze kwesiteji kukhona uDJ odlala umculo opholile ngesikhathi abafundi nothisha bedla. Abafundi bayasukuma bathi ukudansadansa lapho sebeqede ukudla.

UNaledi nabangani bakhe uRose noMadam bajabule kakhulu namhlanje. UNaledi usukuma njalo acele uphathini wakhe ukuthi badanse. URose umemeze kakhulu ethi: "sebenza girl". Phela ujabulela umngani wakhe njengoba edansa.

"Naledi, ngicela siphume lapha siye endlini yangasese." Kuncenga uRose. "Kulungile mngani uyabhora lo mculo, mina ngifuna umculo osheshayo manje." Baphume oNaledi noRose baye endlini encane/yangasese. UMadam usesele yedwa nje. Emva kwesikhashana uDJ wadlala umculo osheshayo babuya laba ababili baqonda esiteji badansa ngokukhulu ukujabula. Laba bangani ababili bayehla bayenyuka (*up and down*) ngesikhathi kudanswa bashiya ophathini babo noMadam ehholo. Babuyele esiteji bayamemeza futhi sebejulukile.



Emva kwesikhashana bedansa, wawa phansi uNaledi. Isikhwanyana ayesiphethe sivuleke kuphume konke okuphakathi. Abafundi bakhupha omakhalekhukhwini. Abanye bathwebula izithombe, abanye bathatha ama-*video*. Agijime uRose azame ukuvala isikhwama sikaNaledi. "Bafundi, thathani uNaledi nimhambise ku-Sister." Kusho uthishanhloko. "Rose letha lapha leso sikhwama!" Amnike isikhwama uRose. "Bafundi, ngiphoxekile, izidakamizwa pho?"

[Umbhalo wokuziqambela]

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Abantu abasendabeni nokuhlobana kwabo.
- Indawo nokubukeka kwayo.
- Ukuziphatha kwabafundi.
- Imiphumela yokuziphatha kwabafundi.
- Isimo namazwi kathishanhloko.

UKWABIWA KWAMAMAKI

Inggikithi: Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo. (5)

Ulimi: Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha. (2)

Amagama omfundi: Umfundi usebenzise amazwi akhe. (1)

Amaphuzu: Izinombolo noma amabhulethi. (1)

Inani: Amagama esephelele angama-50 kuya kwangama-60 futhi abhaliwe. (1)

Amamaki ayi-10

ISIQEPHU C IZINKONDLO**UMBUZO 5****Inkondlo efundwe ekilasini**

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

- | | |
|----|---|
| 1 | Ngikhumbula izinsuku useliphuphu, |
| 2 | Ngibuye naw' ehlathini ngijuluka, |
| 3 | Ngakunika eyekhethel' indlwana, |
| 4 | Imfucuza yezimpaphe ifudumala, |
| 5 | Waze wakhombisa ukukhula. |
| 6 | Ilanga belingafuni mafu |
| 7 | Azolithikameza ekusibukeni, |
| 8 | Sithe qekelele laphaya ebaleni, |
| 9 | Engekho ongakuhleba ngikhona, |
| 10 | Nami uma nawe ukhona, |
| 11 | Amabele abehlezi egcwel' isandla, |
| 12 | Ngaphandle kokuthi uze uhayu u-AMDOKWE. |
| 13 | Bengithanda lapho usucoshacosha, |
| 14 | Ungithi jejemuzi ngagcwel' uxolo, |
| 15 | Uthi caku emfumeni |
| 16 | Uzigcobe wonke umzimba, |
| 17 | Izinhliziyu zethu zisabalale kwaluhlaza. |
| 18 | Bengithi usangidlis' amancoko |
| 19 | Lapho usuka njengonwabu, |
| 20 | Ubeka njengomlobokazi uqhela, |
| 21 | Kanti sekungukugqashuka komchilo, |
| 22 | Umchilo obusihlanganisile. |
| 23 | Ngisale dengwane nginkemile, |
| 24 | Ngakubuka amehl' agcwal' intuthu, |
| 25 | Kudekude ubuyela ehlathini. |

- 5.1 Bhala isihloko sale nkondlo. (1)
- 5.2 Thola **umqondofana** wala magama enkondlweni:
- 5.2.1 umakoti (1)
- 5.2.2 amalanga (1)

5.3 Qondanisa UHLU A noHLU B. Bhala inombolo nempendulo kuphela.

UHLU A	UHLU B
5.3.1 Uma usele dengwane unkemile.	A ujabulile/ugculisekile
5.3.2 Uma izinhliziyi zisabalele kwaluhlaza.	B uyakhala/unezinyembezi/awuboni kahle/ubona lufifi
5.3.3 Uma amehlo egcwele intuthu.	C uzimisele kakhulu
	D uwedwa umangele

(3)

5.4 Iyiphi inzwa esetshenziswe **emgqeni 24**?

(1)

5.5 Hlobo luni lwesifenqo esitholakala emgqeni **wesithupha**?

(1)

5.6 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho ngomusho OWODWA.

(2)

[10]**UMBUZO 6****Inkondlo efundwe ekilasini**

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

INKUMBULO

- 1 Ukuhlumelela kohlaz' emahlungwini,
- 2 Nokuqhakaza kweminduze ehlobo:
- 3 Kuyabuhlumelelis' ubuhlungu beminyaka
- 4 Ubuhlung' obuhlukumez' inhliziyi,
- 5 Iqaqamb' ingenakudanjiswa
- 6 Iqaqanjisw' iminjunju yenkumbulo,
- 7 Iminjunju yokushiywa nguwe mama.

- 8 Ukushweza komoya ehlobo,
- 9 Ubuvus' ubucambalalis' utshani,
- 10 Zenanela nezinyoni ngemvunge:
- 11 Kungikhumbuz' elakh' iphimbo,
- 12 Unqambothi lomzwilili woqobo,
- 13 Elalisho kuvuk' using' endodeni,
- 14 Elalisho kusiphuzel' unwel' endodeni,
- 15 Elalisho kugcwal' usiz' emoyeni.

- 16 Ukuqhakaza kwezinkanyezi zomkhathi,
- 17 Ziminyiza zifiliz' okwezinhlansana:
- 18 Zingikhumbuz' awakh' amehlo
- 19 Ayekhany' okwezomlil' izinhlansana.
- 20 Zingikhumbuz' olwakh' uthotho,
- 21 Olwaluthothene lumhlophe njengeqhwa.
- 22 Zingikhumbuz' obakh' ubuhle

- | | |
|----|----------------------------------|
| 23 | Obabungadle ngakugqama ngebala, |
| 24 | Obabugqame ngobumnen' obunzulu. |
| 25 | Ukuguquka kwezikhathi zonyaka, |
| 26 | Ubusika budedelana nehlobo, |
| 27 | Imini idedelana nobusuku; |
| 28 | Kungivusel' umunyu nethemba, |
| 29 | Ngokubikezel' ukuncipha kwempilo |
| 30 | Ngokusondez' olufihliw' usuku, |
| 31 | Usuk' olusidibanisa nomama |
| 32 | Siwolane, sibambane ngentokoza |
| 33 | Sishwibek' emadlelwen' entokoza |
| 34 | Kungasekho kuf' okosehlukana. |

- 6.1 Enkondlweni, thola igama ELILODWA elisho lokhu:
- 6.1.1 isikhathi sonyaka (estanzeni sokuqala). (1)
- 6.1.2 ubuhle bamazinyo (estanzeni sesithathu). (1)
- 6.2 Ngamaphuzu AMABILI, shono ukuthi imbongi ikhuluma ngani kule nkondlo. (2)
- 6.3 Yini **indikimba** yale nkondlo? (1)
- 6.4 Imbongi yayikusiphi isimo ngesikhathi ibhala le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.5 Sihambelana kanjani isihloko nenkondlo? Chaza ngamaphuzu amathathu. (3)
- [10]**

UMBUZO 7**Inkondlo engafundwanga ekilasini**

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UZOGIYA NGANI?

- 1 Ngikufumbathise iklwa nengcula,
- 2 Ngakufumbathisa ubhoko nehawu;
- 3 Ngadumela isiphongwana ngakwenzel' imbeleko,
- 4 Ngakuqinisa ukhakhayi ngenyongo;
- 5 Ngathi ngizoba yicabanswani kule nyathuko,
- 6 Ngenzela ukubhubhisa ixhala lempi;
- 7 Konke kwaphephuka namaza,

- 8 Ngangifisa uyibambe **njengohlanya**,
- 9 Kugqabuke ibheshu nesinene,
- 10 Izinja zikhonkothe zigonyuluke;
- 11 Ubaqoba ubaphihliza ngeyobuchopho,
- 12 Ngisho sekutheleka izikhukhula,
- 13 Kubophe ukuhlwa uyibambile;
- 14 Ngichobe amazeze akudidisayo,
- 15 Ke wena dinsi ihawu nobhoko,
- 16 Labalela sewungasekho eshashalazini.

- 17 Konke kwakhukhula nolwandle,
- 18 Ubuvaka bakwenza ibhola,
- 19 Ngemivimbo emithathu wahlanya;
- 20 Ubusika bafika sewusendleleni,
- 21 Ububha sebukwenza amagende,
- 22 Ejazini lami wabambelela wadedela;
- 23 Sengibuka umvimbi okunyonyobelayo,
- 24 Ihamba lapho-ke ekamathanda.

- 7.1 Yonke imigqa yale nkondlo ivalekile. Sekela lesi sitatimende. (1)
- 7.2 Hlobo luni lwefanamsindo olugqamile emgqeni 16? (1)
- 7.3 Bhala lokhu:
 - 7.3.1 Uhlobo lwesifenqo '**njengohlanya**' (emgqeni 8). (1)
 - 7.3.2 Igama eliyisenzukuthi esitanzeni sesibili. (1)
- 7.4 Veza **uhlobo nesibonelo** kulokhu okulandelayo:
 - 7.4.1 ukuxhumana (estanzeni 1) (2)
 - 7.4.2 Imvumelwano (estanzeni 3) (2)
- 7.5 Sinjani isigqi sale nkondlo? Kungani usho njalo? (2)

[10]**Amamaki angama-30**

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 8

Sebenzisa le khathuni ukuphendula imibuzo elandelayo.



8.1 Khetha igama elilungile kubakaki.

8.1.1 (Isithombe, esithombeni, nesithombe) umalume 8.1.2 (ubukeka, nobuka, ebuka) engajabulile. UThembi unesithukuthezi ngoba umalume 8.1.3 (bakhe, yakhe, wakhe) akakhulumi naye. Ubona igundane 8.1.4 (phambili, phezu, eceleni) kwekhanda 8.1.5 (likaJohn, loJohn, lakaJohn). (5)

8.2 Qala imisho elandelayo njengoba ukhonjisiwe.

8.2.1 UThembi unesithukuthezi namhlanje. **Cha ...** (1)

8.2.2 UThembi uhleka kakhulu. **Izolo ...** (1)

8.2.3 Baleka! **Cha ...** (1)

8.3 Nciphisa amagama abhalwe ngokugqamile. Bhala impendulo kuphela.


8.3.1 Sawubona **ngane** yami. (1)

8.3.2 Umalume uyaqhubeka nokufunda **izindaba**. (1)

8.3.3 **Isigqoko** sakhe sinuka amagundwane. (1)

UMBUZO 9

Bukisisa le grafu ukwenza umsebenzi olandelayo.



9.1 Guqula lezi zitatimende zibe **yimibuzo**. **Igama eligqamile** kufanele libe yimpendulo yombuzo wakho. Bhala umusho owumbuzo ophelele futhi **onophawu lokubuza**.

Isibonelo: UNosihle uchitha isikhathi sakhe **esikoleni**.

UNosihle uchitha isikhathi sakhe **kuphi?**

9.1.1 **Siningi** isikhathi asichitha esikoleni. (1)

9.1.2 Uya **ngehora lesithupha** esontweni. (1)

9.1.3 **Ayisishiyagalolunye** amaphesenti awachitha nabazali bakhe. (1)

9.2 Phinda ubhale lo musho njengoba ukhonjisiwe.

"Ngichitha isikhathi sami esikoleni ngoba thina sizimisele kakhulu."

UNosihle uthi ... (2)

9.3 Gcwalisa imisho elandelayo ngez**abizwana zokukhomba** ezifanele.

Bhala imisho ephelele nangobhalo magama olulungile.

9.3.1 _____ ntombazane ithanda isikole kakhulu. (1)

9.3.2 UNosihle uchitha isikhathi ku _____ sikole. (1)

9.3.3 Banenhlanhla _____ bangani bakhe. (1)

9.4 Sebenzisa **izihlanganiso** ezikubakaki ukuhlanganisa le misho. Bhala imisho ephelele.

9.4.1 UNosihle uchitha isikhathi nabangani. UNosihle uyajabula. (**ukuze**) (1)

9.4.2 Yena uthanda abazali bakhe. Bamatasatasa. (**yize**) (1)

9.4.3 Uthanda ukuya esontweni. Ufuna ukuthandaza. (**uma**) (1)

[11]

UMBUZO 10

Sebenzisa isithombe esingezansi ukwenza umsebenzi olandelayo.



10.1 Bhala **isabizwana soqobo** esikhundleni samabizo agqamile. Bhala **impendulo kuphela**.

10.1.1 **Umfana** mude kunentombazane. (1)

10.1.2 Ukudansela umculo omnandi kujabulisa **inhliziyo**. (1)

10.2 Lungisa le misho ngokubhala **izimpambosi** ezifanele.

10.2.1 Abantu (badansa) umculo omnandi. (1)

10.2.2 Intombazane (iphendula) ngumfana. (1)

10.3 **Khetha** igama elilungile ebhokisini ukugcwalisa izikhala.

umculo	umculi	ucula	ungumculi	ukucula	iculo
--------	--------	-------	-----------	---------	-------

UBheki 10.3.1 _____ kahle. Uthanda 10.3.2 _____
ka- ED Sheeran ngoba 10.3.3 _____ odumile futhi
odansa kahle. 10.3.4 _____ lakhe elimnandi lithi: "*I'm in
love with the body.*" (4)

[8]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100